



# Nalibali

It starts with a story...

## Story power at your library

Are you a librarian who wants to share the power of stories and reading with children? Are you looking for ways to get children to visit the library regularly? Here are some ideas that librarians shared with us that will help you do this.

- **LIBRARY WEEK** Use South African Library Week (14 to 21 March 2015) to encourage children and reading clubs to sign-up as members of the library. Run special events at your library that will attract new members and show everyone what libraries have to offer.
- **TREASURE HUNT** Help children become familiar with your library by inviting them to join in a "treasure hunt". Hide small items in different parts of the library, then write clues that will help the children find the items. For example: "You will find this treasure on the shelf where the books about wild animals are." Let the children work in pairs to find the items.
- **TIME FOR TOTS** Set aside a special library time each week for 0 to 2 year olds and their caregivers. Spend time sharing children's songs and rhymes together. Then provide board books and other books for babies for them to read together.
- **STORY TIME** Offer a story half-hour for young children once or twice a week where you read aloud from different picture books in the library. Remember to display these afterwards so that children can look at them on their own. Have paper and crayons available so they can draw pictures inspired by the stories after you have read them.
- **SPEED DATING** Introduce older children to novels and information books in the library by inviting them to a "speed dating with books" session once a month. Let the children spend 15 minutes choosing any three books that interest them that they have not read before. Then call them together and allow about two minutes for them to decide which of their three books they will present to the group. Now let each child introduce a book and explain why they think everyone will enjoy it. After they have all introduced their books, ask everyone to vote for the books they would most like to read. Display a list of these books in the library.
- **HOLIDAY ACTIVITIES** Offer a school holiday programme at your library where children are able to listen to stories, act them out, write their own stories and do fun craft activities like card- and puppet-making.

## Amandla endaba emtatsheni wakho wezincwadi

Ngabe ungumsebenzi wasemtatsheni wezincwadi ofuna ukwabelana ngamandla ezindaba nezingane? Ngabe ufuna izindlela zokwenza ukuthi izingane zize njalo emtatsheni wezincwadi? Sebenzisa amanye amacebo abasebenza emtatsheni yezincwadi ababelane nathi ngawo azokusiza ukuthi wenze lokhu.

- **UKUZINGELA UMCEBO** Siza izingane ukuthi zejwayele umtapo wakho wezincwadi ngokuzimema ukuthi "zizozingela umcebo". Fihla izinto ezincane ezingxenyeni ezahlukene zomtapo wezincwadi, bese ubhala okunika umkhondo okuzosiza izingane ukuthi zizithole izinto. Isibonelo: "Lo mcebo uzowuthola eshalofini elinezincwadi ezingezilwane zasendle." Vumela izingane ukuthi zisebenze ngazimbili ukuze zithole izinto.
- **ISIKHATHI SABACATHULAYO** Beka eceleni isikhathi esikhethekile emtatsheni wezincwadi isonto ngalinye sezingane ezino-0 ukuya kweziminyaka emi-2 kanye nalabo abazinakekelayo. Chithani isikhathi nabelana ngamaculo ezingane kanye nemilolozelo ndawonye. Bese uhlinzeka ngezincwadi ezinezingqembe kanye nezinye izincwadi zabantwana abancane ukuze bazifunde ndawonye.
- **ISIKHATHI SENDABA** Yiba nendaba ethatha isigamu sehora yezingane ezincane kanye noma kabili ngesonto lapho ufunda khona kakhulu izincwadi ezinezithombe ezahlukene ezitholakala emtatsheni wezincwadi. Khumbula ukukhangisa ngazo kamuva ukuze izingane zizibhekele zona ngokwazo. Beka iphepha kanye namakhrayoni ukuze zikwazi ukudweba izithombe ezisuselwa ezindabeni ngemva kokuba uzifundile.
- **UKUCHITHA ISIKHASHANA NEZINCWADI UKUZE UTHOLE INCWADI ONGATHANDA UKUYIFUNDA** Yethula izingane ezindadlana kumanoveli kanye nezincwadi ezinika ulwazi emtatsheni wezincwadi ngokuzimemela emhlanganweni "wokuchitha isikhashana nezincwadi ukuze uthole incwadi ongathanda ukuyifunda" kanye ngenyanga. Vumela izingane ukuthi zichithe imizuzu eyi-15 zikhetha noma iziphi izincwadi ezintathu ezizihlaba umxhwele futhi ezingakaze zizifunde phambilini. Bese uzibizela zonke ndawonye uzinike imizuzu emibili yokuthi zikhetho ukuthi iyiphi ezincwadini zazo ezizoyethula ethimbeni. Manje vumela ukuthi ingane ngayinye yethule incwadi bese ichaza ukuthi kungani icabanga ukuthi wonke umuntu uzoyithokozela. Ngemva kokuba bonke sebethule izincwadi zabo, bese wonke umuntu evotela izincwadi angathanda kakhulu ukuzifunda. Phanyeka uhlu lwezincwadi emtatsheni wezincwadi.
- **IMISEBENZI YESIKHATHI SAMAHOLIDE** Hlinzeka ngohlelo lwangesikhathi samaholide emtatsheni wakho wezincwadi lapho izingane zikwazi khona ukulalela izindaba, zizilingise, zibhale izindaba zazo bese zenza imisebenzi yobuciko ethokozisayo efana nokwenza amakhadi kanye namaphaphethi.

- **ISONTO LOMTAPO WEZINCWADI** Sebenzisa Isonto Lomtapo Wezincwadi LaseNingizimu Afrika (mhla ziyi-14 ukuya mhla zingama-21 kuNdasa wezi-2015) ukuze ukhuthaze izingane kanye namathimba okufunda ukuthi babhalisele ukuba ngamalungu omtapo wezincwadi. Yenza imicimbi ekhethekile emtatsheni wakho wezincwadi ezozeha amalungu amasha futhi ikhombise wonke umuntu ukuthi ihlinzeka ngani imitapo yezincwadi.



INSIDE: Enjoy two special library stories!  
NGAPHAKATHI: Thokozela izindaba ezimbili ezikhethekile zasemtatsheni wezincwadi!

We will be taking a break until the week of 12 April 2015. Join us then when we launch the new-look 16-page Nalibali reading-for-enjoyment supplement which will appear fortnightly!  
Sizoke sithathe ikhefu kuze kube isonto lamhla ziyi-12 kuMbaso wezi-2015. Hlanganyela nathi uma seithula isithasiselo sethu esibukeka ngendlela entsha sakwaNalibali esinamakhasi ayi-16 sokufundela ukuzithokozisa esizophuma njalo ngemva kwamasono amabili!



Drive your imagination

Story Power. Bring it home. Walethe ekhaya amandla endaba.





Drive your imagination

## Story stars

### Librarian of the year

In September last year, Cape Town Library Manager, Flippie van der Walt was named Librarian of the Year by the Library and Information Association of South Africa (LIASA). Flippie received this award because he is seen as a role model for the Library and Information Services community. We spent some time with him to find out about his vision for libraries and his thoughts on reading.

#### How did libraries help nurture your love of reading?

Our local library was part of my childhood from an early age. I went each week to discover more stories.

#### Were your parents readers?

My mother read a lot. She taught me about the importance of reading.

#### How can libraries help children learn to enjoy reading?

A long time ago I spent time working in the children's section of the library. I found that the children want to experience reading in a fun way. Many libraries have reading challenges, story hours, and games and prizes to create that fun element.

#### What's your vision for libraries in South Africa?

The public library is at the core of social development. I want all people to experience empowerment through using free resources and services at their libraries.

#### Tell us about your own reading. Do you prefer fiction or non-fiction?

Fiction

#### Your favourite place to read is ...

... in bed.

#### In which languages do you read?

English and Afrikaans

#### Do you ever re-read books?


No, I only read them once. There are so many books to read that I don't have time to read a book again!

#### What is the greatest lesson you learnt from a book or story?

I have always found lessons in the Dr Seuss books. My favourite one is, "The more you read, the more things you know, the more you learn, the more places you'll go". My favourite children's book is *Strega Nona* by Tomie dePaola which is about Strega Nona ("Grandma Witch"), her potions and spells, and her magical pasta pot that is always full!

#### Every child should read ...

... Roald Dahl stories, books by Dr Seuss and *The Dragon Keeper* series by J Wilkins.



## Abavelele ezindabeni

### Umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi wonyaka

NgoMandulo nyakenye, uMphathi Womtapo Wezincwadi waseKapa, uFlippie van der Walt wakhethwa njengoMsebenzi Wasemtatsheni Wezincwadi Wonyaka yi-Library and Information Association of South Africa (LIASA). UFlippie wathola umklomelo ngoba ebonakala enjengesibonelo esihle emphakathini weMitapo Yezincwadi Nezinsiza Zokunika Ulwazi. Saba nesikhathi naye ukuze sithole ukuthi uyini umbono wakhe wemitapo yezincwadi kanye nakucabangayo ngokufunda.

#### Ngabe imitapo yezincwadi yasiza kanjani ukukhulisa uthando lwakho lokufunda?

Umtapo wezincwadi wasendaweni yakithi wawuyingxenywe yempilo yami yobungane kusukela ngisemncane kakhulu. Ngangiya kuwo njalo ngesonto ukuze ngithole ezinye izindaba.

#### Ngabe babefunda abazali bakho?

Umama wayefunda kakhulu. Wangifundisa ngokubaluleka kokufunda.

#### Ngabe imitapo yezincwadi ingazisiza kanjani izingane ukuthi zifunde ukuthokozela ukufunda?

Kudala ngachitha isikhathi ngisebenza engxenyeni yezingane emtatsheni wezincwadi. Ngathola ukuthi izingane zifuna ukuzizwela ukufunda ngendlela ethokozisayo. Imitapo yezincwadi eminingi inemihlathelwano yokufunda, amahora ezindaba, kanye nemidlalo kanye nemiklomelo ukuze idale okuthokozisayo.

#### Uyini umbono wakho ngemitapo yezincwadi eNingizimu Afrika?

Imitapo yezincwadi kahulumeni ingumongo wokuthuthukisa ezenhlalo. Ngifuna ukuthi bonke abantu bathole ukuthuthukiswa ngokusebenzisa izinto kanye nezinsiza zamahhala emitatsheni yabo yezincwadi.

#### Sixoxele ngokufunda kwakho. Ngabe ukhetha izindaba zokusuka ekhanda noma ezesekelwe emaqinisweni?

Ezokusuka ekhanda

#### Indawo othanda ukufundela kuyo ...

... isembhedeni.

#### Ufunda ngaziphi izilimi?

NgesiNgisi kanye nesiBhunu



Flippie van der Walt

#### Ngabe uke uziphinde izincwadi osuzifundile?

Cha, ngizifunda kanye kuphela. Kunezincwadi eziningi kakhulu okumele zifundwe, ngakho anginaso isikhathi sokuphinda incwadi futhi!

#### Yisiphi isifundo esikhulu osifunde encwadini noma endabeni?

Bengihlale ngithola izifundo ezincwadini zika-Dr Seuss. Engisithanda kakhulu esithi, "Uma ufunda kakhulu, kuzoba kuningi okwaziyo, uma ufunda okuningi, ziningi izindawo ozoya kuzo". Incwadi yezingane engiyithanda kakhulu ithi, *Strega Nona* kaTomie dePaola emayelana noStrega Nona ("uGogo Othakathayo"), imithi yakhe kanye nesibekelo sakhe, kanye nebhodwe lakhe lephasta lomlingo elihlale ligcwele!

#### Ingane ngayinye kumele ifunde ...

... izindaba zikaRoald Dahl, izincwadi zika-Dr Seuss kanye nochungechunge lwezindaba ezithi, *The Dragon Keeper* zika-J Wilkins.

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.


Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





“Get that juggling cat,” shouted the one Brother Sly pointing at Theo. “And that pig.”

“The pig – what for?” shouted the other brother.

“Breakfast, of course.”

“Landa leliya kati eliphonsa libuye lenqake izinto,” kumemeza omunye uBrother Sly etshelela omunye ekhomba uTheo. “Kanye naleya ngulube.”

“Ngabe izokwenzani-ke ingulube?” kumemeza omunye umfowabo.

“Empeleni, izoba isidlo sasakuseni!”



Then, Theo slipped. The ice started to slide off the trolley and so did the fish. Theo grabbed one fish, but the rest began to flop over the edge. He grabbed another fish and another, flipping them up into the air.

Kusenjalo, uTheo washelela. Iqhwa laqala ukuncibilika enqoleni, kwenzeka njalo nasezinhlanzini. UTheo wabamba inhlanzi eyodwa, kodwa nezinye zaqala ukuphuma onqengemeni. Wabamba enye inhlanzi, kanye nenye futhi, ede eziphonsa emoyeni.

www.lapa.co.za  
012 401 0700

Hop on board for a reading adventure ...

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

Wendy Hartmann Joan Rankin



“QHABO BO! Kodwa ngizokwenzenjani?” kusho uTheo. “Kumele ngixwayise wonke umuntu.” Wazama ukuzimpintsha angene phakathi kwesixuku, kodwa akekho owanyakaza ngoba kwase kugalile ukudlala. Wagcina eseseceleni kwestitolo sezinhlanzi sikaPapa Prawn. Inqola yezinhlanzi yayingaphandle ngakho uTheo wagibela phezu kwayo ukuze abone kahle. Wayebona kuphela ikhanda likashela ngesikhathi eqala ukugxumagxuma njengengenye yazokwenza.

“OH NO! What am I going to do?” said Theo. “I have to warm everyone.” He tried to squeeze through the crowd, but nobody moved because the acts had started. He ended up next to Papa Prawn’s fish shop. The fish trolley was outside so Theo climbed onto it to get a better view. He could just see Sheila’s head as she started to bounce as part of her act.

Fold



UTheo wacasha. USheila washaya amakhala wenza unqimphothwe omuhle kakhulu. Wazibhija waphenduka wase ehlela phansi ngokucophelela. Wawela bh, phezu kobrother Sly.

Theo dived for cover. Sheila snorted and did a magnificent somersault. She twisted and turned and aimed carefully. She landed with a heavy thump, right on top of the Brothers Sly.

Theo lived right next to the library. The other cats in town lived together at Cat Cottage, but not Theo. He lived with his mother and his brother and sister. Theo loved living there. He loved reading and he loved asking questions.

One day Theo asked his mother where the stars went in the day, why the sea looked blue and if sharks slept at night. His mother sighed and pointed. “There’s the library. Off you go and look in a book.”

Theo wayehlala eceleni komtapo wezincwadi. Amanye amakati asedolobheni ayehlala ndawonye eKotishi Lamakati, kodwa hhayi uTheo. Wayehlala nomama wakhe nomfowabo kanye nodadewabo. UTheo wayekuthanda ukuhlala lapho. Wayekuthanda ukufunda kanye nokubuza imibuzo.

Ngelinye ilanga uTheo wabuza umama wakhe ukuthi ziyaphi izinkanyezi emini, nokuthi kungani ulwandle luluhlaza okwesibhakabhaka nokuthi ngabe oshaka bayalala yini ebusuku. Unina waphefumula wase ekhomba. “Nankuya umtapo wezincwadi. Shona khona uyobheka encwadini.”



“Back to the library,” Theo said. “I have something very important to do.”

And Theo went back to the library to search the shelves. He wanted to find out everything there was to know about ... *WHO KNOWS WHERE.*

“Ngibuyela emtatsheni wezincwadi,” kusho uTheo. “Kunento ebalulekile okumele ngiyenze.”

UTheo wabuyela emtatsheni wezincwadi wayobheka emashalofini. Wayefuna ukuthola kabanzi ngendawo okuthiwa ... *kuLAPHO OKUNGAZIWA KHONA.*

Fold



OBROTHERS SLY  
 IZILWANE EZIDLALA IMIDLALO  
 ETHILE ZITHUNYELWA  
 NGAPHANDLE YONKE INDAWO  
 Zishibhile! Indali!

“Bangamaqola,” kumemeza uTheo. “Bhekani iphosta.”  
 Kwaphenduka amakhanda. Kwathula kwathi cwaka. Wonke  
 umuntu wafunda iphosta kakhulu:

THE BROTHERS SLY  
 PERFORMING PETS  
 EXPORTED EVERYWHERE  
 Cheap! Sale!

“They’re crooks,” shouted Theo. “Look at the poster!” Heads  
 turned. There was hush. Everyone read the poster out loud:



Edolobheni, uMgwago Omkhulu wawuminyene. Kwakufike  
 zonke izinhlobo zezilwane zizodlala imigilingwane ethile: ezinkulu,  
 ezincane, ezimfushane kanye nezinde, lezo ezinezimpaphe kanye  
 nezinoboya. UTheo wayesemuva futhi engakwazi ukubona  
 okwenzekayo. Wahamba wazungeza iveni yasesekisini. Ngesikhathi  
 enzenjalo wabona iphosta exebukayo eceleni.  
 Kwakunenye ngaphansi kwayo. Le yayisho into eyehlukile kakhulu  
 ngeBrothers Sly. Yayithi babezothengisa izilwane.

In town, Main Street was crowded. All kinds of animals had arrived  
 to perform tricks: big animals, small ones, short and tall, those with  
 feathers and those with fur. Theo was stuck at the back and could  
 not see what was going on. He moved around the circus van. As he  
 did, he noticed the poster peeling off the side.  
 Underneath there was another poster. This one said something  
 quite different about the Brothers Sly. It said that they were going to  
 sell the animals.

“Then that means we’re all safe,” said someone else.  
 “I’m going home,” said Sheila, “to practice my bouncing.”  
 “And we are going home to celebrate,” said the cats. So each  
 and every cat turned to go back to Cat Cottage. Each and  
 every cat that is, except Theo.  
 “Where are *you* going?” they asked him.

“Lokho-ke kusho ukuthi siphephe sonke,” kusho omunye.  
 “Ngisaya ekhaya,” kusho uSheila, “ngiyozijwayeza  
 ukubhampa.”  
 “Kanti thina siyagoduka ukuze siyogubha,” kusho amakati.  
 Ngakho ikati ngalinye laphenduka labhekisa amabombo  
 eKotishi Lamakati. Ikati ngalinye, ngaphandle kukaTheo.  
 “Uyaphi wena?” kubuza wona.



Theo did not mind. He wandered through the library searching the  
 shelves. On the wall, he saw a poster. Never had he seen anything  
 like it before. There were pictures of animals doing all kinds of  
 things. It said: “Circus acts needed! Speak to the Brothers Sly.”


“WOW!” he said. “I have to let the other cats know.”

He rushed out of the library and saw a van driving down the street.  
 It had the same poster on the side. “That must be the circus van!”  
 he thought.

UTheo akazange abe nankinga ngalokho. Wazungeza emtatsheni  
 wezincwadi ecinga emashalofini. Wabona iphosta odongeni.  
 Wayengakaze ayibone into efana nayo phambilini. Kwakukhona  
 izithombe zezilwane ezenza izinhlobo zezinto eziningi ezahlukeno.  
 Yayibhalwe ukuthi: “Kudingeka abazokwenza imigilingwane  
 yasesekisini! Xhumana neBrothers Sly.”

“NGCINGCI!” kusho yena. “Kumele ngazise  
 amanye amakati.”


Waphuma egijma emtatsheni  
 wezincwadi wase ebona iveni  
 yehla ngomgwaqo inephosta  
 efanayo ohlangothini.  
 “Kufanele ukuthi iveni  
 yasesekisini le!”  
 ezicabangela yena.





“Theo!” she shouted. “I’m going to be an acrobat, but I need a costume! An acrobat cannot perform without a costume.” Sheila landed heavily on the ground and headed for town. Everyone followed.

“Theo!” kumemeza yena. “Ngizoshibeka emoyeni, kodwa ngidinga ikhositshumu yakhona! Oshwibekayo akakwazi ukwenza lokhu engagqokanga khositshumu yakhona.” USheila wehlela phansi ngamawala wase eqonda edolobheni. Bathi bhu bonke emva kwakhe.



“You mean they wanted to trap us and sell us?” asked someone. “Yes,” said Theo. “That’s what the poster says.” The crowd stared at the Brothers Sly and started to move towards them. The Brothers scrambled to their feet.

“Ngabe usho ukuthi bebefuna ukusibamba ukuze basidayise?” kubuza omunye. “Yebo,” kusho uTheo. “Isho njalo iphosta.” Isixuku sabuka obrothers Sly sase sisondelela kubo. Izelamani zazama ukusukuma.

When Theo arrived at Cat Cottage, he knocked on the door and banged on the windows, but there was not a cat to be seen. Then, he heard a strange sound. It was coming from Mr Khumalo’s farm. He rushed over and there was Sheila, Mr Khumalo’s pig, bouncing on a tractor tube. All the cats were watching her, their heads bobbing up and down as she went higher and higher.

Lapho uTheo efika eKotishi Lamakati, wangqongqoza emnyango wase ebhaklaza nasemawindini, kodwa kwakungekho nelilodwa ikati. Wase ezwa umsindo ongejwayelekile. Wawuqhamuka epulazini likaMnumzane uKhumalo. Waphuthuma khona kanti lapho kwakukhona uSheila, ingulube kaMnumzane Khumalo, eyayibhamba eshubhini likagandaganda. Wonke amakati ayembhekile, amakhanda awo eya phezulu ebuyela phansi ngesikhathi ede ekhuphuka, abuye akhuphuke futhi.



“Run!” they screamed at each other. And run they did. They left the van behind and ran as fast as they could, all the way to ... *WHO KNOWS WHERE*.

“Baleka!” besho bememezana. Bahlaba ngejubane. Bashiya iveni ngemuva bakhipha lonke ijubane ababenalo, bayosithela ... *LAPHO OKUNGAZIWA KHONA*.



“Are they gone? Will they come back?” asked a terrified tortoise. “Nothing comes back from there,” someone said. “When I lose something, it’s gone. It’s gone to *WHO KNOWS WHERE* and I never find it again.”

“Ngabe bahambile? Ngabe bazobuya?” kubuza ufudu olwethukile. “Akukho okubuya laphaya.” kusho omunye. “Uma ngilahlekelwa yinto, ihambe iye *LAPHO OKUNGAZIWA KHONA*, angiphinde ngiyithole futhi.”

## Story corner

Here is a story that was inspired by Luis Soriano Bohorquez, a librarian from Colombia in South America. Luis delivers books to children who live in rural villages with the help of his two donkeys. We hope that it inspires you to share stories with each other!

**The donkey library**  
By Monica Brown  
Illustrations by Alzette Prins

On a hill behind a tree, there is a house. In the house, there is a bed and on the bed there is a little girl named Ana, fast asleep, dreaming about the world outside and beyond the hill. When Ana wakes up, her papa is already at work on the farm and her mama is busy in the garden. Ana bathes her little brother and feeds the goats and collects the eggs to sell at the market.

After breakfast, Ana and her mama walk down the hill. Ana closes her eyes against the sun and wishes she was back in the cool of the house with her book. She has read her book, her only book, so many times that she knows it by heart. The book was a gift from her teacher for working so hard on her reading and writing.

But, her teacher moved far away, and now there is no one to teach Ana and the other children in her village. So, at night, Ana makes up her own stories and tells them to her little brother to help him fall asleep. She tells him stories about make-believe creatures that live in the forest and the mountains and the sea. She wishes for new stories to read, but her teacher with the books has gone.

One morning, when Ana looks down the hill below her house she sees a man with a sign that says "Donkey library". With the man, there are two donkeys. And what are they carrying? Books!

Ana runs down the hill to the man. Other children run to him too, skipping down hills and stomping through the fields.

The man says, "I am a librarian, and these are my donkeys, Alfa and Beto. Welcome to the donkey library, my library."

"But," Ana says, "I thought libraries were only in big cities and buildings."

"Not this one," says the librarian. "This is a moving library."


Then he spreads out his books and invites the children to join him under a tree.

"Once upon a time..." begins the librarian as he reads the story of an elephant who swings from a spider's web. He reads from books with beautiful pictures.

Finally, he says, "Now it's your turn. Pick out books and in a few weeks' time I will be back to collect them and bring you new ones."

"Me too?" asks Ana.

"Especially you," says the librarian with a smile.



## Ikhona lezindaba

Nansi indaba ugqozi lwayo olwavela ku-Luis Soriano Bohorquez, umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi waseColombia eNingizimu neMelika. ULuis uhambisa izincwadi ezinganeni ezihlala emaphandleni ngokusizwa izimbongolo zakhe ezimbili. Siyethemba ukuthi izokusiza ukuthi nabelane ngezindaba!

**Umtapo wezincwadi wezimbongolo**  
NguMonica Brown  
Imidwebo ngu-Alzette Prins

Egqumeni elingemva kwesihlahla, kukhona indlu. Endlini, kukhona umbhede kanti embhedeni kukhona intombazanyana engu-Ana, ulele zwi, uphupha ngomhlaba la ngaphandle nangaphesheya kwegquma. Lapho u-Ana evuka, uyise usesebenza epulazini kanti nonina umatasatasa engadini. U-Ana ugeza umfowabo omncane bese epha ukudla izimbuzi, emva kwalokho ayothatha amaqanda azoyowadayisa emakethe.

Ngemva kwesidlo sasekuseni, u-Ana nonina behla egqumeni. U-Ana uvala amehlo akhe ukuze angaxhoshwa ilanga futhi ufisa sengathi ngabe usebuyele endlini epholile azihlalele nencwadi yakhe. Useyifundile incwadi yakhe, incwadi yakhe okuwukuphela kwayo, izikhathi eziningi kangokuthi useyazi ngekhandla. Incwadi yayiyisipho esivela kuthisha wakhe ngenxa yokusebenza kwakhe ngokuzikhandla ekufundeni kanye nasekubhaleni.

Kodwa, uthisha wakhe waya kude, kanti manje akusekho muntu ozofundisa u-Ana kanye nezinye izingane zasemuzini. Ngakho, ebusuku, u-Ana uzakhela izindaba zakhe bese ezixoxela umfowabo omncane ukuze amsize ukuthi alale. Umxoxela izindaba zezilwane ezingazange zaba khona ezihlala ehlathini nasezintabeni kanye nasolwandle. Ufisa ukuba nezindaba ezintsha azozifunda, kodwa uthisha wakhe onezincwadi uhambile.

Ngolunye usuku ekuseni, lapho u-Ana ebheka ezansi negquma ubona indoda iphethe uphawu olubhalwe ukuthi "Umtapo wezincwadi wezimbongolo". Indoda inezimbongolo ezimbili. Ngabe zithweleni? Izincwadi!

U-Ana wehla egqumeni egijima ephikelele endodeni. Nezinye izingane nazo zigijima ziqonde endodeni, zingqabashiya zehla egqumeni zidlwathuzela zinqamula emasimini.

Indoda ithi, "Ngingumsebenzi wasemtatsheni wezincwadi, kanti lezi yizimbongolo zami, o-Alfa noBeto. Nemukeyekile emtatsheni wezincwadi wezimbongolo wami."

"Kodwa," kusho u-Ana, "Bengicabanga ukuthi imitapo yezincwadi isemadolobheni amakhulu kanye nasezakhaweni kuphela."

"Akunjalo-ke kulo," kusho umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi. "Lona umtapo wezincwadi ohambayo."

Bese endlala izincwadi zakhe, emema izingane ukuthi zizohlanganyela naye ngaphansi kwesihlahla.

"Kwasukasukela ...," kuqala umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi ngesikhathi efunda indaba yendlovu eshwibeka olwembini lwesicabucabu. Ufunda ezincwadini ezinezithombe ezinhle.

Ekugcineni, uthi, "Manje sekuyithuba lenu. Thathani izincwadi, ngizobuya ngizozilanda emasontweni ambalwa, bese nginilethela ezintsha."

"Nami futhi?" kubuza u-Ana.

So many books! Ana picks up book after book and finds pink dolphins and blue butterflies, castles and fairies, talking lions and magic carpets.

"Someone should write a story about your donkeys," Ana tells the librarian, rubbing Alfa's nose and feeding grass to Beto.

"Why don't you?" he asks. Then he packs up the books, and off he goes. "Enjoy your books!" he calls.

Ana runs up the hill to her house, hugging the books to her chest. She can't wait to share her books with her brother, and that night she reads until she can't keep her eyes open any longer.

Each morning Ana does her chores and reads and looks out her window. She listens for the sounds of Alfa and Beto, but weeks pass, and the librarian doesn't return.

"When will he come back?" she asks her mother, who smiles and says, "Go and read, Ana."

One night, Ana dreams she is flying over her country on a butterfly's back. In her dream she crosses mountains and oceans, bringing stories everywhere she goes. Stories fly from her mouth and fingers like magic, falling into the hands of the children waiting below.

When Ana wakes up, she misses Alfa and Beto and the library books. She remembers that the librarian told her that she could write a book, and so, with paper and string and coloured pencils, she does.

Finally, just when Ana thinks she'll never see the donkey library again, she wakes up to *iii-aah, iii-aah!* and children yelling. She runs down the hill with her library books and a special surprise of her own.

"I wrote this story for you," she says.

"How wonderful!" the librarian says and then he reads her story to the children under the tree.

When it's time to go, Ana's book is packed carefully on one of the donkey's back, ready to be carried away, over the hills and through the fields to another child...



*The donkey library is an adaption of the original story, Waiting for the biblioburro by Monica Brown. It is reproduced by kind permission of the author.*

"Ikakhulukazi wena," kusho umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi emamatheka.

Izincwadi eziningi kangaka! U-Ana uthatha incwadi, aphinde athathe enye incwadi futhi, uthola amahlengethwa aphinki kanye nezimvempvane eziluhlaza okwesibhakabhaka, izindlu eziphakeme zasebukhosini kanye noferi, amabhubesi akhulumayo kanye nokhaphethi bomlingo.

"Kumele kube khona umuntu obhala indaba ngezimbongolo zakho," u-Ana utshela umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi ngesikhathi ephulula ikhala lika-Alfa ngenkathi epha u-Beto utshani.

"Kungani ungakwenzi lokho?" kubuza yena. Ube eseqoqa izincwadi, engena indlela. "Nizithokozele izincwadi zenu!" kumemeza yena.

U-Ana ugijima akhuphuke egqumeni eya kubo, enkonkoshele izincwadi esifubeni sakhe. Uselangazelela ukwabelana ngezincwadi nomfowabo, kanti ngalobo busuku ufunda aze ayeke uma esozela.

Njalo ekuseni u-Ana wenza imisetshenzana yakhe yasekhaya bese uyafunda bese elunguza ngefasitela. Uyalalela ukuze ezwe umsindo ka-Alfa noBeto, kodwa kudlula amasonto amaningi, umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi akabuyi.

"Ngabe uzobuya nini?" ubuza umama wakhe, ovele amamatheke bese ethi, "Hamba uyofunda, Ana."

Ngobunye ubusuku, u-Ana uphupha endiza phezu kwezwe lakubo, ephezu komhlane wovempvane. Ephusheni lakhe unqamula izintaba kanye nezilwandle, ehambisa izindaba yonke indawo lapho ehamba khona. Izindaba zindiza njengomlingo zisuka emlonjeni wakhe kanye naseminweni yakhe, ziwela ezandleni zezingane ezilinde ngezansi.

Lapho u-Ana evuka ukhumbula u-Alfa kanye no-Beto kanye nomtapo wezincwadi. Ukhumbula ukuthi umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi wathi angabhala incwadi, ngakho-ke, ube esenza lokhu ngephepha kanye nomucu wentambo kanye namapensela anombala.

Ekugcineni, lapho u-Ana esecabanga ukuthi ngeke aphinde awubone futhi umtapo wezincwadi wezimbongolo, uvuswa u-iii-ooo, iii-ooo! kanye nokuchwaza kwezingane. Wehla egqumeni egijima ephethe izincwadi zomtapo wezincwadi kanye nokuthile okungalindelwe.

"Ngikubhalele le ndaba," kusho yena.

"Kwakhule lokho!" kusho umsebenzi wasemtatsheni wezincwadi, wase efundela indaba yakhe izingane ezingaphansi kwesihlahla.

Ngesikhathi sokuhamba, incwadi ka-Ana ibekwa ngokucophelela phezu komhlane wenye imbongolo, isikulungele ukuhanjiswa, iwele amagquma kanye namasimu iye kwenye ingane ...

*Umtapo Wezincwadi Wezimbongolo ususelwe endabeni yoqobo ethi, Waiting for the biblioburro kaMonica Brown. Yenziwe kabusha ngemvume yombhali.*

Don't forget that we will be taking a break until the **week of 12 April 2015**. Join us then for more Nal'ibali reading magic! In the meantime, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) to find stories and reading-for-enjoyment inspiration.

**Find us on Facebook:**  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)



Sicela ningakhohlwa ukuthi sizothatha ikhefu kuze kube **isonto lomhla ziyi-12 kuMbaso wezi-2015**. Sicela nihlanganyele nathi ngaleso sikhathi ukuze nithole eminye imilingo yokufunda yakwaNal'ibali! Okwamanje, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) uthole izindaba kanye namacebo okufundela ukuzithokozisa.

**Sithole ku-Facebook:**  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your  
imagination

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld